# Okuqukethwe


Ukuvuma. . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . iv
Isingeniso . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . v
Isambulo 3:20 . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . vi

Ukungqomgqoza . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 2
Umnyango wenhliziyo . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 15
Isimemo . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 24
Isivumelwano . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 46
Izilandulo . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 54
Umnyango Wakho . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 65
Isimemo somshado . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . 72


uJesu Kristu uyafana izolo, nanamuhla, naphakade.

kumaheberu 13:8

# Ukuvuma

Ku Mama wami, owangiyisa ku Sonto sikole eminyakeni eyisikhombisa e flip flops.  Ongigcine njalo esontweni, nangemikhuleko yakhe eminingi nanoma engayiqondanga inkombandlela eyayithathwa yindodana yakhe. Ngiyabonga

Ku Mfundisi. John Martin, ubaba wami evangelini no nkosikazi wakhe uNaomi, lo esimbiza ngo mama sonke; siyabonga ngawo wonke lamahora eniwabelene kaninginingi, ikakhulukazi mina nomndeni wami.

Kunkosikazi wami oyisimangaliso, Gayla nomndeni wami omuhle uNkulunkulu anginike wona, ohambe futhi ushintsha ukusuka endaweni kuya endaweni wenzela ivangeli, ngiyabonga uNkulunkulu anibusise kakhulu.

Kubo bonke labo abayingxenye ye Worldwide Missionary Outreach; abaholi, abahambisi bevangeli, nakubobonke abanikezele izimpilo zabo ngokuzidela ukugcwalisa “uMyalo oMkhulu”, ngiyabonga kakhulu ngosizo lwenu ukwenza lencwadi ibe yinto ekhona ngempela.

Ku Patricia Jones. kuyo yonke iminyaka yakhe yolwazi ngakwezobuchwepheshe, ukushicilela, kanye nomsebenzi; ka Justin Brown ngasosonke isiphiwo sakhe ekusizeni ngemifanekiso, izembozo, kanye nenkozo; nginibonga nonke. Lencwadi ibiyokuba iphupho ngaphandle kwenu.

Ukubongakwami kuzozonke izinsizwa ezincane, ezagqoka, “okoKwembatha”, ngaphandle kwalomfanekiso ngabe akuphelelanga.

Kuwonke umuntu obambe iqhaza kwimifanekiso, noma oqhamuke nokwengeza umbono kulomfanekiso, ngiyabonga.

Ukubonga kwami kubo bonke labo abasizile emifanekisweni ekhombisa ukunqatshwa kuka Kristu Akekho owafuna ukumnqaba uKristu noma athi Kuye “qha”, kodwa ngenxa yokwenzela incwadi bathi bazosiza.

Okokugcina, ngiyabonga, ngokuthenga kanye nokwabelana lencwadi nabangani kanye nabathandiweyo benu ukuze nabo bazi ukuthi sazini ngesehlakalo esikhulu sokubhubha kwempilo — ebudlelwaneni ngamunye kanye neNkosi yamaKhosi, noNkulunkulu woNkulnkulu, uNkulunkulu noMsindisi wethu uJesu Kristu.

Uyaphila!

# Isingeniso

Kuleminyaka ekuhambeni kwami ngokukholwa, ngikuzwile lokhu kushiwo izikhathi ezininingi, ukube ngangikhona ngezinsuku zika Jesu, Ngangizomkhonza , nginokumangala uma kungenzeka ukuthi abazi noma abaqondi ukuthi indlela esikhonza ngayo uJesu Kristu yindlela okwakumele Simkhonze ngayo ngalesosikhathi.

Ngenkathi uNkulunkulu eza emhlabeni ezohlenga umuntu, Weza esemzimbeni wenyama obizwa ngokuthi uJesu, Wayebukeka futhi embethe njengabantu besikathisakhe. Iningi labantu besikhathisakhe abamqondanga ngenkathi efika Yena.bambeka ekufeni ngokusho ukuthi uyindodana kaNkulunkulu. Emvakokufakwakhe kanye nokuvuswa Waphinda wembatha Yenamathupha izembatho zabantu—Abantu abamemukela Yena njengeNkosiyabo kanye nomsindisi.umoya Wakhe manje uhlalakubo.uSawula wabuza elalikhuluma ekukhanyeni elamuwisa phansi, “Nkosi ungubani?” Iphimbo laphendula. “NginguJesu lona omhluphayo.” uSawula akalihluphanga iphimbo noma ukukhanya, kodwa abantu ababebizwa ‘ngamaKristu’.

Ngakho namuhla, uNkulunkulu wethu uphila ezimpilweni zamadodana namadodakazi akhe—abesilisa nabesifazane ababizwa ‘ngamaKristu’.

Kulemifanekiso sikhombisa uJesu embethe ezembathweni zangesikhathi sakhe, enza izinto owayezenza ngenkathi elapha emhlabeni emzimbeni wenyama. Namuhla esikhathini samanje, uzibonakalisa yena qobo efana izolo, namuhla naphakade.

Ngiyamangala ukuba weza egqoke udangala nesikibha njengombazi, besingamqonda yini yena? uma Wayembethe isudu kanyenothayi, ukushumayela ivangeli, sasizokumazi Yena?

Sengathi lomfanekiso okulencwadi unganenza nicabange bese unifaka emnyakazweni. Ngokwethemba lencwadi ingasetshenziswa ukuthola othandiweyo noma othile ongeke akwazi ukuthatha ibhayibheli alifunde, kodwa athathe incwadi yezithombe ehlale etafuleni bese ngesimo esithize abone uJes ngendlela entsha.

Sengathi uNkulunkulu anganibusisa kakhulu futhi lokho kungumkhuleko wami.

Umfowenu ku Kristu,
John Worlund

Bheka,
Ngimi
emnyango, ngiyangqongqoza:
uma umuntu ezwa iphimbo lami,
evule umnyango,
ngizongena kuye,
ngilale naye naye kimi.

Isambulo 3:20

# Ukungqongqoza

*Kukomunye wethu ukuthi uyamngenisa noma umgcina ngaphandle.*

Eminyakeni yokuya ebandleni ubona imifanekiso kanye nemibala kaJesu kanye nezindaba zeBhayibheli, lowo onoJesu emile emnyango engqongqoza ukhumbuleka kalula. Umfanekiso usobala, kanye nendaba yomfanekisi igxekiwe ngokushiya isibambo sisusiwe ngaphandle komnyango lokho kwenza ubuke umfanekiso futhi ubone asikho isibambo. Impendulo yomfanekisi kwaba ngukuthi akakhohlwanga, kodwa yingoba isibambo sasingaphakathi. Umuntu ongaphakathi okumele avule umnyango; ngale kwalokho umuntu ongaphandle engazilethaqobo ngaphakathi.

Ukucabanga ukuthi Inkazimulo Yenkosi, ngomusa wakhe wonke nobubele umile ngaphandle kwenye yeminyango yezinhliziyo zethu, ufuna ukungena, kuphakathi kwethu ngamunye ukuthi simuvumele angene noma simgcina engaphandle. Sinesibambo ngokwethu.

# Umnyango wenhliziyo

*Uyangqongqoza njengamanje, uJesu, ufuna ukungena ngaphakathi akhulume.*

Unkulunkulu uyazigcina izthembiso Zakhe. Uma esho njalo, "Uma umuntu ezwa iphimbo lami bese umnyango, Ngiyongena ngapakathi kuye ngidle naye naye nami, '' Usho lokho. Uma muntu obalulekile noma usaziwayo eza bese engqongqoza emnyango singathokoza kangakanani siziqhenye kangakanani. Akukho ukungabaza okungeza emnyango, umnyango singawuvula kakhulu sibamukele ngaphakathi. Pho kunjani ngoKristu? Ngubani omkhulu kunaye? Ngabe kufanele aze angqongqoze ashaye insumbi yomnyango kakhulu ukuze angene ezinhliziyweni zethu noma ukungqongqoza okuncane nje kobekwanele? Kungabe useme izikhathi ezingakanani Emile ngokubekezela engqongqoza ezinhliziyweni zethu, efuna ukukhuluma, efuna ukuchitha isikhathi ngamunye kithi? Akukho ukungabaza Uyangqongqoza manje; Jesu, ufuna ukuza ngaphakathi futhi akhulume. Ungamjikisi Yena endleleni.

# Isimemo

*Noma ngabe ubani ongamemeza egameni leNkosi angasindiswa.*

"Yonke imibhalo inikezelwe ngentshishekelo ka Nkulunkulu." Into edabukisayo kubonakala sengathi "kungukukhetha" ngeVangeli. Lenxenye iphefumlelwe, le ayiphefumlelwe. uNkulunkulu akayithandi, Izwi lonke okukanye liphefumulelwe noma ngingalethemba elikushoyo, noma uma lingaphefumulelwanga ngingalethemba kanjani? Uma uPawula ethi, "noma ubani obizwa eGameni leNkosi uyakusindiswa," Ngiyajabula uthe "noma ubani''. Uma eshilo, "uma uJohn Worlund ebiza eGameni leNkosi…'', Angeke ngibe nakho okunye ukukholwa ngoba kungu John Worlunds. Uma uPawula washo ukuthi, "uma uJohn ebiza iGama leNkosi" kunjanike ngamanye amagama? Kodwa uma ethi, "noma ubani oyobiza eGameni leNkosi…", lokho kusho mina noma ngabe nubni oyobiza Kuye. Ngeke sisole noma ubani noma yini ngoba wakwenza kanjalo "noma ngabe Ngubani" angeza. Kukuwe, Kukimi. Unikeele isimemo lokho okufaka sonke ngabanye. Sonke singaba nokukholwa.

# Isivumelwano

*Mcele ukuba angene ulinde isimemo. Uzosigcina isivumelwano sokukhulumisana nawe.*

Kubonakala sengathi namuhla siphila eminyakeni yokungabekezeli, konke kuyashesha, ukuphula noma ukungasigcini isivumelwane. Akungabazeki kunezizathu zakho konke lokhu okungasenhla. Simatasatasa. Sinezindawo okumele siye kuzo nezinto okumele sizenze.Ikakhulu ngeqiniso lezozinto zibalulekile. Ngingampintsha okukodwa nje namuhla. Ngifanele ngiphuthume ngibe laphaya ukuze ngilinde, ukuze ngiphuthume kokunye okumele ngiyokwenza. Sitshela amakhosikazi, nezingane, nabangani bethu, nesisebenzisana nabo, “Yebo, ngizokwenza.” Bese siqala sibanezizathu kungani singakwenzanga esithe sizokwenza elikabani iphutha, esikhathini esizayo izinto zizohluka. Ngaphambi kokuvuswa, UJesu wahamba namadoda amabili emgwaqeni base bemncenga ukuba ajike angene nabo ukuba bathole okudliwayo. Kwathi besa hlezi esidlweni uJesu wenza okuthile okuhlukile,Njengoba enza ngaphambi kokuba abethelwe,Kwase kuba amehlo abo avuleka.Mcele ukuba angene ulinde isimemo. Uzosigcina isivumelwano sokukhulumisana nawe. Akaxakekile.

# Izaba

*Kepha bonke baqala ukuzilandulela ngazwi linye.*

Wayesethi kuye, umuntu othile wenza idili elikhulu, wamema abaningi:

Ngesikhathi sedili wathuma inceku yakhe ukuba isho kwabamenyiweyo, Zanini; ngokuba konke sekulungisiwe.

Kepha bonke baqala ukuzilandulela ngazwi linye. Owokuqala wathi kuye, ngithengile insimu, kuyadingeka ngihambe ngiyibone: Ngiyakuncenga ukuba mawungixolisele.

Omunye wathi ngithengile izinkabi ezinhlanu, sengiya kozihlola: Ngiyakuncenga ukuba mawungixolisele.

Omunye wathi, ngithathile umfazi ngalokho ngingeze.

Ngokuka Luka 14:16-20

# Umnyango Wakho

*Ngiyethemba ukuthi ngeke umjikise umuntu omkhulu oke wangqongqoza emnyango wakho.*

Pho uphi uJesu? Ukucabanga uNkulunkulu wendalo, okwenzileyo ngomfanekiso wakhe, lowo owafela izono zakho nezami, umile ulindile, ufuna ukukhulumisana nathi. Singaba nakho konke okanye nabobonke abantu ababalulekileyo abaphile ngaphambi kwezikhathi zethu bemi eminyango yethu kodwa ngeke sikuqhathanise nokuba neNkosi uJesu Kristu emile eminyango yethu. Siyivumelile imifanekiso, izincwadi zamahlaya amaqhawe, izinganekwane kuthathe ingxenye enkulu-ngezi-mpilo zethu. Sisondela kakhulu ekukholweni ukuthi labo ababizwa ngamaqhawe bangenza izinto ezinkulu bese kuthi umniniMandla onke uNkulunkulu yena wenza lokho akwenze izolo, naseskhathini esidlulileyo—mhlasimbe. Okukanye le kude, okukanye esikhathini esizayo—uma eKhona—angaphinde akwenze futhi. Cha, uyaPhila. Akwenzile izolo, Usakwenza nanamuhla, usazoqhubeka akwenze naphakade.

Ngiyethemba ukuthi ngeke umjikise umuntu omkhulu oke wangqongqoza emnyango wakho.

*Umenyiwe ukuba ufike*

*eMshadweni*

*weWundlu.*

*Umlobokazi:* ____________________
(igama lakho)

*Umyeni: Nkosi Jesu Kristu*

*Isikhathi:Senzeka ngokushesha—emzuzwaneni, ngokuphazima kweso.*

Babusisiwe abamenyelwe esidlweni somshado weWundlu.
Isambulo 19:9

# Umbhali



Umbhali weSimemo ngu John Worlund,umshumayeli no mhambisi weVangeli eminyakeni engamashumi amathathu nambili endlule.Isifiso sakhe ukunikezela ngethuluzi lobufakazi obungasetshenziswa ukufinyelela kwabathandiweyo okanye kumuntu ongeke alithathe iBhayibheli ukulifunda,kodwa ozothatha i-alibhamu yezithombe ehleli etafuleni le khofi ebone uJesu Kristu ngendlela entsha.

Ngalesisizathu wenze indlela yokuthola lencwadi ehunyushwe ngezilimi ezahlukahlukene mahhala ku inthanethi,njengenhloso yokuqala yale ncwadi ukuhambisa iVangeli lika Jesu Kristu.ukuthola ulwazi oluthe xaxa noma ufuna ukuxhasa lo mzamo,sicela uvakashele ku www.heisalivepublications.com. Lapho ungathenga umqingo othambile noma oqinile wokubhalwa kwale ncwadi,uthole nokunye ukuhunyushwa ,noma wenze umnikelo kumbhali.

